**Inkulumo kaSekela-Sihlalo we-ANC KwaZulu-Natali uComrade Willies Mchunu enkonzweni yesikhumbuzo sikaComrade Kader Asmal KwaDukuza.**

07 July 2011

---

Mphathi wohlelo,
Umndeni wakwa-Asmal,
AmaComrades nabangani,
Umphakathi wonkana

Okukuqala nje,mangithathe leli thuba ngibonge umndeni wakwa-Asmal ngokusivumela singuKhongolose esifundeni sasePreva Khumalo ukuthi senze lesi sikhumbuzo somfowethu, iComrade, umngani nomholi, uProfessor Kader Asmal osanda kusishiya emhlabeni.

Le nkonzo yesikhumbuzo ilandela ezinye izinkonzo esezike saba nazo ezweni lonke selokhu kwedlule emhlabeni uComrade Kader ngomhlaka-22 Juni 2011. Ukwedlula kwakhe emhlabeni kufike sisanda kubeka uMama Albertina Sisulu endlini yokugcina, obekungomunye wamaqhawe namaqhawekazi ethu azinikela kakhulu ekwakhiweni kabusha kwesizwe sethu.

Siyazi-ke ukuthi kuningi osekushiwo ngaleli qabane, ukusukela ehhovisi likaMongameli kuzwelonke kwehle kuye phansi emazingeni ezifundazwe. Kodwa njengesifunda lapho uComrade Kader azalelwa khona, ngibona kuyinto enhle ukuthi nani ninqume ukwenza le nkonzo lapha.

Njengesifunda, bekumele ukuthi nani niyibungaze impilo yakhe njengeqhawe nesishabasheki senkululeko esajoyina i-ANC ngokukhuthazwa uMongameli wayo Inkosi Albert Luthuli naye ikhaya lakhe elikule ndawo.

Iqhaza lika-Comrade Asmal ekukhululeni iNingizimu-Afrika lenza ukuthi uKhongolose uzuze ukuhlonishwa emiphakathini wamazwe omhlaba nakwabanye oHulumeni basemazweni angaphandle. Ngeminyaka esasekudingisweni e-Europe, uComrade Kader owayengu-Professor ezikhungweni zemfundo ephakeme, wayelokhu eqhubeka nokundizisa phezulu ifulegi le-ANC – egxilisa kabanzi ulwazi emphakathi wamazwe omhlaba mayelana ne-ANC nomzabalazo wenkululelo eNingizimu-Afrika.

Ngemuva kokuvulwa umlomo kwe-ANC ngeminyaka yo-90, uComrade Kader wabuyela eNingizimu Afrika ukuzoqhubeka nomzabalazo wenkululeko nowaholela ezingxoxweni zomthethosisekelo nokuyizo ezavula indlela eya okhethweni lokuqala lwentando yeningi nokuzalwa kwePhalamende yentando yeningi ngonyaka ka-1994. Waba ngomuye wabasunguli bePhalamende waba

nguNgqongqoshe weKhabhinethi – waqala kwezaManzi namaHlathi wabuye waba nguNgqongqoshe wezeMfundo.

I-ANC iwethulela isigqoko umnikelo owenziwa uComrade Kader, umndeni wakhe nesizukulwane sakhe wokuthwala kanzima ukuze thina sithokozele intando yeningi nenkululeko. Ngaphandle kokuzinikela okwenziwa isizukulwane sika-Comrade Kader, ngabe nanamuhla sisaqhubeka nokucindezelwa ngaphansi kobukoloni nobandlululo.

Maqabane, ku-Kader Asmal silahlekelwe umuntu obelithanda izwe lakhe nobehlale enombono wokuthi kumele sibe nomphakathi osekeleke emalungelweni esintu nokulingana esikhathini esiphila kusona.

Njengoba sikhumbula impilo ka-Comrade Kader, sekusele nathi-ke ukuthi sicabange ngaphezulu kwalokho okudingwa yithina ngamunye kodwa sibheke ukuthi esikwenzayo ngokuhlanganyela kusakhela umphakathi esifisa ukuba yiwona.

Ngokuqondana kwezinto, kule nyanga sibungaza impilo yeqhawe elihlonishwa emhlabeni wonke uNelson Rholihlahla Mandela, uMadiba. Njengoba sibungaza umlando wamaqhawe anjengoMadiba no-Asmal abamelana nengcindezelo bagcina ngokunqoba, sibona sisahlalelwe umsebenzi onzima kakhulu.

Impumelelo yabo ihambisana nomthwalo omkhulu ikakhulukazi uma ubheka izinselelo abahlangabezana nazo, ukukwazi ukuxola kanye nokugqugquzela ukwakha kabusha nokuvuselela ukuzwana kwezinhlanga, amalungelo esintu nentando yeningi kubantu bonke.

Ngakho-ke namhlanje yithina osekumele sithathe kula maqhawe kanti umsebenzi wona uyabonkala ukuthi mukhulu impela. Kodwa ngokubambisana singakwazi ukuphumelela kulokho okulindeleke kithina.

Uma sihlangana ndawonye njengohulumeni, amabhizinisi, izifundiswa kanye nezazi emikhakheni ehlukene, ama-NGO, amalunga emiphakathi, abezindaba, uma sihlangana sibhekane nenselelo ngokubambisana, singaba yimbumba enamandla engeke ivimbeke.

Alikho izinga lobuhlungu, inhlupheko kanye nokuntuleka kwemisebenzi esingeke sabhekana nakho uma siqonda ukuthi yingani oMadiba no-Asmal babelwela ubulungiswa.

Njengenhlangano ye-ANC, sihambela phezulu namhlanje ngoba abantu bakithi, kuhlanganisa nabalapha KwaDukuza, basanda kufakazela ukuthi sisuke siqinisile uma sithi yithina esinamasu

aphusile okuphatha kohulumeni basekhaya kulesi sifundazwe. Besingakaze sibone umoya wethemba ukhonjiswa ngalolu hlobo enhlanganweni yethu selokhu kwaqala ohulumeni basekhaya kulesi sifundazwe.

Njengobuholi bukaKhongolose esifundazweni, sithanda ukukubalula ukuthi imiphumela esiyitholile kubantu iyinkomba yokubonga ukuzinikela, umzabalazo kanye nokunqoba kwamalungu ethu alokhu eqhubeka nokuhola umbhidlango wokwakha isizwe esinentando yeningi.

Ngithanda ukuthatha leli thuba nginxuse wonke umuntu olapha ukuthi uma sesibungaza usuku lukaMadiba ngomhlaka 18 July, sicela nibonge kuMadiba ngokuthi nigqugquzele ukusebenzela umphakathi, nifinyelele kulabo abadinga kakhulu, kanye nokwenza izinto ezakhayo nezinosizo esizweni, into ezofukula kubantu bakithi abasasilele emuva, abantulayo kanye nabagulayo.
Kwenzeni lokho nikhumbule ngako u-Comrade Asmal kanye nawo wonke amaqhawe namaqhawekazi aselele abezokuba yingxenye yalo msebenzi wokwabelana.

Mangiphinde futhi ngigcizelele ebuholini besiFunda kanye nabo bonke abenze le nkonzo yaba yimpumelelo, sithi lokhu bekubaluleke kakhulu. Lesi kube yisikhathi esakha kabusha nesivuselela izimfundiso zethu njengenhlangano.

Ngiyabonga